ISOLEZWE (KZN)
Friday, 8 August 2008, p. 18

'Amanzi ethu ahlanzekile futhi awanagciwane'

ANELISA KUBHEKA

INKAMPANI ehlanza amanzi, Umngeni Water, isinike isiqiniseko abantu abaphuza amanzi emadamini ahlanzwa yibo sokuthi ahlanzeke ngokwanele futhi awanalo igciwane elibizwa nge Cynobacteria elitholakala emanzini elidalwa wukuguquka kwesimo sezulu, iglobal warming.

Lesi sexwayiso silandela ukukhishwa kwamanzi edamini iSilolweni eTshokwane, esifundazweni saseMpumalanga, ngemuva kokuba kuthiwe izilwane ziphuze amanzi ayenegciwane.

Esifundazweni saseMpumalanga Kapa kuthiwa kunemibiko engaqinisekisiwe ngokufa kwezingane ezingaphezulu kwekhulu phakathi kukaJanuwari no-Ephreli ngenxa yokuphuza amanzi analeli gciwane.

UMnuz Shami Hurichinder, okhulumela Umngeni Water, uthe basebenzisa ikhemikhali ewuhlobo lweCarbon ukubulala leli gciwane futhi amadamu abawasebenzisayo ayahlolwa njalo ngesonto.

Kuthiwa izingane ezashona zabulawa yisifo sohudo, okungezinye izimpawu okubonakala ngazo ukungena kwaleli gciwane.

Uma leli gciwane selingenile emzimbeni kubonakala ngokuthi umuntu aphathwe yikhanda, aphalaze, ahude abe nezinhlungu esiswini.

UNgqongqoshe wezaManzi namaHlathi, uNkk Lindiwe Hendriks (**osesithombeni**), ephendula imibuzo yamaqembu aphikisayo ePhalamende ezinyangeni ezedlule, wathi ucwaningo olwenziwa lwaveza ukuthi leli gciwane liyabulala ikakhulukazi imfuyo nezilwane zasendle eziphuza emadanyini.

Uthe okwamanje ayikho imibiko abanayo yokufa kwabantu abasuke bephuze amanzi analeli gciwane lapha eNingizimu Afrika.